IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

28/2015 Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukwenyuka kweNkosi, ngomhla ka 14. 05. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lomkhosi, lolusuku, lilotshiwe kuJoh. 12:32, lithi: **"Mina, nxa ngiphakanyiswa emhlabeni, ngiyakubadonsela kimi bonke.**

1. Iculo 259/106

2. **Umkhuleko:** Nkosi, singcwelise ngeqiniso lakho; izwi lakho liyiqiniso. Amen

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-1 amaKh. 8:22-24.26-28;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuzo izEnzo 1:1-11;

   Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku-Johane 17:20-26.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 127/108

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kulotshiwe kuLuka24:44-53, lithi:kuLuka 24:44-53, lithi: UJesu "wayesethi kubo: Yiwo lawomazwi ami engawakhuluma kini ngisenani okuthi: Kumelwe ukugcwaliseka konke okulotshwé ngami emthethweni kaMose, nakubaprofethi, nasemaHutsheni. Khona wayesevula ingqondo yabo, ukuze baqonde imibhalo. Wathi kubo: Kulotshiwe kanje ukuthi uzakuhlupheka uKristu, avuke kwabafileyo ngosuku lwesithathu, kushunyayelwe egameni lakhe ukuphenduka, kube ngukuthethehelwa kwezono ezizweni zonke, kuqalwe eJerusalema. Nina-ke ningofakazi balezizinto. Bhekani, ngiyathumela kini isithembiso sikaBaba; kepha hlalani emzini, nize nembathiswe amandla avela phezulu. Wabahola, baze bafika ngaseBethaniya, waphakamisa izandla zakhe, wababusisa. Kwathi esababusisa, wahlukana nabo, wenyuselwa ezulwini. Bakhuleka kuye, baphindela eJerusalema benokuthokoza okukhulu. Babekhona ethempelini njalo bemdumisa uNkulunkulu." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla likaJesu Kristu, namuhla kulusuku oluhle olumangalisayo. Siyakhumbula, siyagubha indaba enkulu. INkosi yethu yenyukile ezulwini, kungabi ukusishiya, sisale siyizintandane, kodwa abuye enkazimulweni yakhe engakhulumekiyo ukuba ibe nathi sonke njalo nasezindaweni sonke emhlabeni ngezwi namasakramente akhe. Siyakhumbula amazwi akhe okugcina ngokuthi: "Bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube-sekupheleni kwezwe." Ngakho-ke lolusuku olukhulu lwanamuhla lungumkhosi wenduduzo, lungumkhosi wentokozo.

Siphakathi kwezikhathi manje, phakathi komkhosi wePhasika nomkhosi wePhentekoste, phakathi kokuvuka kukaKristu kwabafileyo nokuthululwa kukaMoya oNgcwele eJerusalema. Usuku lokwenyuka kukaKristu luphathwa izinsuku ezingamashumi amane emuva kokuvuka kwakhe. Kulesisikhathi sezimangaliso, kulesisikhathi sezimfihlakalo uyabonwa ngofakazi abaningi. Uyavalelisa, uyafundisa, uyakhombisa, uyaduduza, uyaqinisa, uyaphakamisa, uyathethelela, uyachasisela, uyakhumbuza, uyakhanyisa, uyathumela emsebenzini wakhe.

ULuka ulobile izincwadi ezimbili: Ivangeli lakhe nezEnzo zabaphostoli. Kungaba kuhle uma sihlala phansi emakhaya ethu, sifunde lezizincwadi zakhe ezimbili kanyekanye. ULuka ulobile izEnzo zabaphostoli ukuba sibone ukuthi kwakuhamba kanjani phakathi kokuvalelisa kukaJesu nokuqala kwebandla lakhe lapha emhlabeni. Yebo, siphakathi kwezikhathi lapha ethekesini lethu. UJesu Kristu uyahamba, ibandla lakhe liyavela. Othunyiweyo kaNkulunkulu uyathumela abafundi bakhe ezweni. Nabo baphakathi kwezikhathi. Bahlala eJerusalema, balindela ukubhapathizwa ngoMoya oNgcwele ukuba bakwamukele amandla nesibindi, intokozo neziphiwo zokufeza umsebenzi wabo wobufakazi. Kanti baswela uMoya kaNkulunkulu ukuba bezwe kahle, baqonde kangcono. Thina sonke sivela kubo. Siyizithelo zokuhlwanyela kwabo: okhokho bethu, abazali nabafundisi nawothisha bethu. Ukukholwa kuvela ngokuzwa. Nokukholwa kwakho, nokukholwa kwami. Ngiyakholwa nguJesu Kristu owavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise uMninmandla-onke, lapho eyakubuya khona, ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo. Ngiyazi, ngikholwa-nqi ukuthi iNkosi yethu nomfowethu uJesu Kristu usezulwini, uyangidonsa, uyangibiza.

Ngakho-ke ngithanda ukumlandela, nginesizungu sokuba naye, aniyazi kanjani. Ngithanda ukuya ezulwini njengaye, mina kanye nabo bonke abathandekayo bami, mina kanye nabo bonke abakholwayo yonke indawo lapha emhlabeni kuzo izizwe nakuzo izilimi zonke zomhlaba. Sisekhona lapha phansi, siyasizana endleleni ngamandla eNkosi, uze uvele ube khona umhlambi munye phansi koMalusi munye, singashiyi muntu, singashiyi noma umphefumulo munye, ngoba

uJesu Kristu ebafuna bonke. "Wayesethi kubo: Yiwo lawomazwi ami engawakhuluma kini ngisenani okuthi: Kumelwe ukugcwaliseka konke okulotshwé ngami emthethweni kaMose, nakubaprofethi, nasemaHutsheni. Khona wayesevula ingqondo yabo, ukuze baqonde imibhalo. Wathi kubo: Kulotshiwe kanje ukuthi uzakuhlupheka uKristu, avuke kwabafileyo ngosuku lwesithathu, kushunyayelwe egameni lakhe ukuphenduka, kube-ngukuthethelelwa kwezono ezizweni zonke, kuqalwe eJerusalema. Nina-ke ningofakazi balezizinto."

Singofakazi bakhe. Ufakazi wenzani na? Ufakazi akafakazi okwakhe. Ufakaza okomunye owamthumela. Ufakaza iqiniso; uYebo wakhe unguYebo, uQhabo wakhe unguQhabo, akafakazi lutho olunye. Ufakaza iqiniso kuphela, akafakazi okunye okudlula kulokho. Akakhohlisi. Akaqambi amanga. Ngakho-ke singabuthemba singamukela ubufakazi bakhe. Kanjalo ngalolusuku lokwenyuka uJesu uyanqoba ukungabaza nokudangala nokukholwa okuncane kwabafundi bakhe. Uqinisa ukukholwa kwabo. Ngani nakanjani na? Uyabafundisa. Uyachasisela izimfihlakalo zeBhayibheli. Uyababusisa. "Wathi kubo: Kulotshiwe kanje ukuthi uzakuhlupheka uKristu, avuke kwabafileyo ngosuku lwesithathu, kushunyayelwe egameni lakhe ukuphenduka, kube-ngukuthethelelwa kwezono ezizweni zonke, kuqalwe eJerusalema. Nina-ke ningofakazi balezizinto. Bhekani, ngiyathumela kini "isithembiso sikaBaba; kepha hlalani emzini, nize nembathiswe amandla avela phezulu. Wabahola, baze bafika ngaseBethaniya, waphakamisa izandla zakhe, wababusisa. Kwathi esababusisa, wahlukana nabo, wenyuselwa ezulwini. Bakhuleka kuye, baphindela eJerusalema benokuthokoza okukhulu. Babekhona ethempelini njalo bemdumisa uNkulunkulu."

Lentokozo ifuna ukugcwalisa nezinhliziyo zethu nemizi yethu namuhla. Lentokozo ifuna ukuhamba nathi namuhla nakusasa. Ifuna ukusiphelekezela nomaphi lapho siya khona. UNkulunkulu uyamthumela uJesu Kristu ezweni. UJesu Kristu uyathumela abafundi bakhe ezweni. Kuze kube namuhla uJesu uthumela izithunywa zakhe, zibe-ofakazi bakhe. Siphakathi kwezikhathi. Siphakathi kokufika kwakhe kokuqala nokubuya kwakhe ngosuku lokugcina. Asazi ukuthi uzakuza nini ukwahlulela abasahambayo nabafileyo, kodwa akuhluphi, ngoba siyamazi ozayo. Unguye owalala emkhombeni eBetlehema, unguye owabusisa abantwana, unguye owachasisela intando kaBaba osezulwini, owasiza abahluphekileyo, owaduduza abadabukileyo, owaphakamisa abaphansi emoyeni, owashumayeza abampofu ivangeli, owaphulukisa abagulayo, owavusa abafileyo baphile, unguye owalenga emuthini wesiqalekiso eGolgotha, owachitha igazi lakhe elingcwele, owasifela khona, unguye owaphuma elibeni engadini kaJosepha waseArimathiya ngosuku lwesithathu, ukusisindisa thina ezonweni, nasekufeni nasemandleni kaSathane.

Unguye osiphelekezela, kuze kube namuhla kuzo zonke izinhlupheko nezintokozo zalokhukuphila. Wahamba nabazali bethu nabazali babo. Kanjalo uzohamba nabantwana bethu nabantwana babo. Ukhona. Unguye uMhlengi noMsindisi wemiphefumulo yethu onqoba uvalo nokudangala. Unguye oqinisa amadolo, nezinhliziyo nemihlandla yalabo abasokola lapha phansi ngobuthakathaka obukhulu. Unguye ozohamba nathi kulelihora lethu elinzima, kulelihora lethu lokugcina, uma simelwe ukuvala amehlo ethu. Siphakathi kwamakhaya, thina-makholwa. Siphakathi kwekhaya lethu lapha emhlabeni nekhaya lethu eliyilo isibili lé kwelizayo ezulwini, kodwa asisodwa nanini. Mayibongwe iNkosi. Amen.

9. **Umkhuleko:** Siyabonga, Nkosi Kristu. Siyabonga amandla akho nothando lwakho. Sihawukele, Nkosi Kristu. Sisize endleleni, siphe amandla okukulandela, usenzele ukugcina okubusisiweyo. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 222/177

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2009. 2015 ngu-K. G. Tiedemann.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.